



IMINININGWANE YE-TRANSNET SOC LTD NGE-PAIA NE-POPIA

LELIBHUKWANA LISHICILELWE NGAPHANSI KWESIGABA 14 SOMTHEO I-PROMOTION OF ACCESS TO INFORMATION ACT, 2000 (ACT NO. 2 OF 2000) (PAIA) KANYE NOMTHETHO -PROTECTION OF PERSONAL INFORMATION ACT, 2013 (ACT NO. 4 OF 2013) (POPIA).

1



OKUQUKETHWE

| | |
|--|-----------|
| 1.ISETHULO | 2 |
| 2.UKUTHOLAKALA KWALELIBHUKWANA | 2 |
| 3.UMSEBENZI WE-TRANSNET NEZINHLAKA ZAYO..... | 2 |
| 4.OKUNGAXHUNYWANA NABO, NEMINININGWANE YABO..... | 5 |
| 5. OKUMELE KWENZIWE NGOGUNYAZWE UKUKHIPHA IMINININGWANE (INFORMATION REGULATOR) | 7 |
| 6.UKUFKA ISICELO SOKUTHOLA IMINININGWANE EKWA-TRANSNET..... | 8 |
| 7. IMINININGWANE YAKHO | 9 |
| 8. UKUBHEKELELWA KWESICELO..... | 15 |
| 9. IMALI EBKELWE UKWENZA LOKHU..... | 15 |
| 10. IMININGWANE ETHOLAKALA KALULA | 16 |
| 11. NAKHU OKUVULELEKE EMPHAKATHINI | 17 |
| 12. OKUMELE UKWENZE | 20 |
| 13. IMINININGWANE ESEZANDLENI ZABAKWA-TRANSNET | 20 |
| ISITHASISELO 1: IFOMU LESICELO – LEZINHLANGANO ZOMPHAKATHI | 22 |
| ISITHASISELO 2: IMALI OKUMELE IKHOKHWE IZINHLANGANO ZOMPHAKATHI..... | 22 |

1. ISETHULO

1.1 Lelibhukwana elimayelana neminingwane yokuthola ulwazi kwa-Transnet lishicilelwe ngaphansi kwesigaba 14 somthetho ogqugquzela ukuthi abantu bathole ulwazi abaludingayo i-Promotion of Access to Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000) ("i-PAIA") kanti futhi liyakhuluma nangodaba loMthetho ongamele ukuvikelwe kweminingwane yakho phecelezi i-Protection of Personal Information Act, 2013 (Act No. 4 of 2013) ("i-POPIA").

1.2 Umthetho i-PAIA usekela isigaba 32 soMthethosisekelo esigqugquzela ukuthi abantu ababe nelungelo lokuthola imininingwane ekuHulumeni kanye naleyo ekomunye umuntu uma idingeka ngenhloso yokwenza okuthile, kumbe ukuvikela nanoma iliphi ilungelo.

1.3 Inhloso ye-PAIA ukugqugquzela ukuthi yonke into ibe sobala kuHulumeni kanye nasezinkampanini ezizimele ngokuthi kunikezwe abantu ilungelo lokuthola imininingwane abayidingayo abangaphinde bayisebenzisele ukuvikela amalungelo abo.

1.4 Inhloso yalelibhukwana ukudalula imininingwane ngokumele kwenziwe nemigudu okumele ilandelwe ukuthola imininingwane engaphansi kwenkampani yakwa-Transnet SOC Ltd.

2. UKUTHOLAKALA KWALELIBHUKWANA

2.1 Lelibhukwama litholakala kwi-website yenkampani yakwa-Transnet ku-www.transnet.net noma ngokuthi ufake isicelo nge-email komunye wabasebenzi abanikezela ngolwazi njengoba kubalulwa kwisigaba 4 ngezansi.

2.2 Isigaba 110 somthetho i-POPIA sifaka izichibiyelo kumthetho i-PAIA, nezaqala ukusebenza kusukela mhlaka 1 July 2021. Lelibhukwana lifaka phakathi izichibiyelo kwisigaba 10 no-14 soMthetho esigcizelela ukutholakala kwalo kanye nesigaba 25 somthetho i-PAIA ofaka phakathi okumele kwenziwe ilowo ofaka isicelo, ukuthi afake isikhalazo kwengamele ukukhishwa nokuvikelwa kweminingwane phecelezi i-Information Regulator uma ngabe senqatshwa isicelo sokuthola ulwazi kumbe imininingwane ayidingayo.

3. UMSEBENZI WE-TRANSNET NEZINHLAKA ZAYO

I-Transnet inkampani kaHulumeni eyenza umsebenzi wokuthuthwa kwempahla nokuhambisana nalokho. Inkampani yakwa-Transnet inamachweba, imizila kaloliwe, izikhumulo zokubeka impahla, ezobunjiniyela, amapayipi kawoyela negesi kanye nebhizinisi lezakiwo.

Inkampani yakwa-Transnet yakhiwe ilezinhlakala ezilandelayo:

3.1 I-Transnet National Ports Authority: (TNPA)

Loluhlaka lwakwa-Transnet lunabasebenzi abangu 4, 168 (lapha kubalwa nabasebenzi abayitoho) Umsebenzi walo ukuqinisekisa ukuthi wonke amachweba asebenza ngendlela efanele. Iyona iTNPA engamele ukuphathwa kwengqalasizinda kanye nokuphathelene nokusebenza kwamachwema ayishishagalombili akuleli okuyi-Richards Bay, eThekwini, e-Saladanha, eKapa, eGqeberha, East London, Mossel Bay kanye neNgqura.

I-TNPA isebenza ngaphansi kwezimiso zomthetho obhekele amachweba, owaziwa nge-National Ports Act 2005 (Act No. 12 ka 2005). Nakhu okubalulekile okwenziwa i-TNPA ngaphansi kwezimiso zomthetho ongamele amachweba, phecelezi i-NPA:

3.2 I-Transnet Port Terminals:

I-Transport Port Terminals (“TPT”) isingulwe ngonyaka ka 2000 ngesikhathi inkampani yakwa-Transnet engamele amachweba, i-Portnet ihlukaniswa kabili kuba ingxenye ebhekele ukusebenza kwansukuzonke kanye nengxenye engamele umsebenzi wamachweba, i-South African Port Operations (SAPO), ebe isiba i-TPT. I-TPT idlale indima enkulu ekusekeleni uhlelo lukaHulumeni lokukhulisa ukuthuthwa kwempahla ethunyelwa emazweni angaphandle. Iningi lempahla engenayo nephumayo emazansi nezwekazi lase-Africa kusetshenziswa amachweba akuleli ayisikhombisa okuyi-Richards Bay, eThekwini, Saladhna, eKapa, Gqeberha, East London kanye neNgqura. I-TPT ilawula ukuthuthwa kwama-container, ezokumbiwa phansi, ezolimo kanye nempahla enamasondo kubalwa izimoto namaloli lokhu okubizwa nge-Roro sector.

Amakhasimende e-TPT afaka phakathi imboni yemikhumbi, izinkampani ezakha izimoto, ezolimo, izingodo namahlathi, abezimayini kanye nalabo abathumela ezokumbiwa phansi emazweni angaphandle.

I-TPT inabasebenzi abangu 9, 371 kubalwa nalabo abayitoho.

3.3 I-Transnet Freight Rail:

I-Transnet Freight Rail (“TFR”) inkampani esezingeni lomhlaba egxile ekuthuthweni kwempahla ngemizila kaloliwe . I-TFR enabasebenzi abangu 26, 800 ezweni lonke. Lenkampani yenza umsebenzi wokugcina imizila kaloliwe isebenza ngendlela efanele. Imizila kaloliwe yalenkampani nengqalasizinda isiyonke ingu 80% uma kuhlanganiswa yonke i-Africa.

I-TFR iyaziqhenya kakhulu ngobuchwepheshe bayo obusezingeni eliphezulu e-Africa nasemazweni angaphandle. I-TFR izibeke ezingeni lokuba inkampani eyenza inzuzo nokusiza umnotho wakuleli ube sezingeni lokuncintisana nowakwamanye amazweni.

I-TFR iphinde ibambe iqhaza kwingosi yozokungcebeleka nge-Blue Train. I-Blue Train inomzila oyibanga elingu 1600-kilometre phakathi kwePitoli kanye neKapa.

3.4 I-Transnet Pipelines (“TPL”):

I-Transnet Pipelines (“TPL”) ingamele ukuthuthwa kwegesi kanye nowoyela, iphinde igcine udizili nophethiloli esizindeneni sayo i-Tarlton, eGauteng. Lelibhizinisi lakwa-Transnet lilawula uwoyela obalelwa ku 17 billion litres kanye negesi elingaphezulu 500 million cubic metres. Imikhiqizo ewuketshezi esatshalaliswa ilenkampani, kubalwa uwoyela ongahluziwe, udizili, uphethiloli kanye nowoyela wezindiza.

I-TPL inamayipi egesi nowoyela ubude bawo obubalelwa ku 3, 800 km anqamula phakathi kwe-KwaZulu-Natal, Freyistata, Gauteng, North West naseMpumalanga. Lapha siphinde sibale nethange likawonyela elisepulazini i-Tarlton elimumatha uwoyela ongamalitha angu 30 million. Lelithange lisetshenziselwa ukugcina uwoyela kanye nokuwuthumela eBotswana.

Ipayipi legesi lisuka e-Secunda, eMpumalanga linqamule eThekwini liye eMpangeni. Liphinde linqamule eNewcastle naseRichards Bay, eMpangeni naseThekwini. Wonke lamapayipi aphephile

ngoba ayahambisana nemibandela ye-ASME B31.4 okuyimigomo yezokuphepha yeMelika. Lamapayipi ahlale egadiwe amahora angamashumi amabili nane ngosuku emahhovisi e-TPL ePhayindane, KwaZulu-Natal.

Bangu 703 abasebenzi bakwa-TPL, kubalwa nalabo abayitoho. Laba basebenzi babekwe kuzona zonke izindawo lapho amapayipi enqamula khona kanti ikomkhulu lalenkampani liseThekwini, KwaZulu-Natal.

Amakhasimende e-TPL izinkampani ezinkulu zikawoyela uleli kubalwa u-BP, Astron Energy, Engen, Saso, Shell kanye no-Total. I-TPL ivule izandla kwizinkampani zikawoyela zosomabhizinii abamnyama abasafufusa.

3.5 I-Transnet Engineering:

I-Transnet Engineering (TE), yenza umsebenzi wokucwaninga, ukudizayina, ukwakha kanye nokulungisa izitimela zabagibeli kanye nalezo ezithwala impahla. Lenkampani inamafemu ayisikhombisa ahambisana nezimiso ze-International Organisation of Standardization (ISO) kanye nabasebenzi abangu 11, 045, kubalwa nalabo bayitoho. Amakhasimende alenkampani akuleli lase-Africa kanye nasemaZweni angaphandle.

Ingaphezulu kuka-150 iminyaka lenkampani ilungisa izitimela nemizila yazo. Kanti ithathwa njengebaluleke kakhulu kwimboni yezitimela kuleli kanye nasezwenikazi lase-Africa ngoba imishini yayo ezakhela yona izezingeni lomhlaba kanti idlala indima ebalulekile ekukhuliseni umnotho wezwekazi lase-Africa nasekuthuthukiseni amakhono ezobunjiniyela.

Nansi eminye imisebenzi eyenziwa i-TE:

- Ibhizinisi lezitimela: TE ihamba phambili ezwenikazi lase-Africa kwezokuthengiswa kwezitimela zikagesi, ezikadizili kanye nezisebenza ngodizili nogesi, kanti futhi ihamba phambili uma kuziwa kwezokukhiqizwa kwezitimela. Ngaphezulu kokukhiqiza izitimela iphinde futhi ilungise lezo ezidinga ukulungiswa.
- Ibhizinisi lamakhoji: I-TE yakha iphinde ihlele kabusha amakhoji ezitimela nanoma iluphi uhlobo lwento ehamba emzileni kaloliwe ngendlela engambi eqolo.
- Ibhizinisi lezinqola: I-TE isebenzisa ubuchwepheshe besimanje ukwenza lokho okudingwa ngamakhasimende.
- Ibhizinisi lokulungisa izitimela: I-TE iphinde ilungise konke okuyimikhiqizo yayo.
- Isikole sobunjiniyela: I-TE yenza uqeqesho olugunyazwe ngokusemthethweni olusezingeni eliphezulu olugxile ezintweni ezahlukene eziphathelele nembali yezobunjiniyela.

3.6 I-Transnet Property okanye i-TP

I-Transport property yasungulwa mhla lulunye ku-January ka2008 ngokuhlenganisa i-Propnet kanye ne-Transnet Housing. Ngesikhathi isungulwa, ibigxile ekwengameleni impahla yenkampani ethathwa njengebalulekile kuze kube iyachithwa okanye iyasatshenziswa. Lenkampani iphinde isebenze ukwengamela izakhiwo.

Namuhlanje i-TP ingenye yezinkampani ezingamele izakhiwo ezaziwayo kuleli. I-TP ingamele izakhiwo ezisatshenziselwa imisebenzi yayo ebalulekile kanye nalezo ezingenisa imali ye-renti kwabaqashile. I-TP iphinde yenze umsebenzi wokukala intengo yezakhiwo iphinde ihlole nomhlaba, ukudwetshwa kwamapulani kanye nokwengamela amaphepha obunikazi bezakhiwo.

Izindlu zokuhlala nezingamahhovisi ezingaphansi kwe-TP zingabiza u-R6.5 billion, sekuhlanganiswe zonke izakhiwo zakwa-Transnet ezingabiza uR35 billion. Enye impahla inganyelwe ngezinye izihlaka zenkampani. Izakhiwo zamahhovisi ezingaphansi kwe-TP kubalwa amahovisi, izakhiwo zezimboni, ezokuhweba kanye nomhlaba. Izindwo zokuhlala ezingamelwe i-TP zifaka phakathi izindawo ezingahlali muntu, izindlu ezihlala abantu kubalwa amahhotela, amaloji nezindawo zokukhempa.\

Amanye amakhasimende amahhovisi e-TP kubalwa ihhovisi likaNdunankulu wase-Freyistata, amahhovisi omnyango wezempilo eNyakatho Kapa, amahhovisi oKlebe phecelele ama-Hawks eGqeberha, umkhandludolobha wasekapa, amahhovisi ePrasa kanye nebhange i-First National bank. Kwizakhiwo zezimboni nezezitolo amakhasimande e-TP afaka phakathi u-Shoprite, Rovos Rail Tours, Grinrod Intermodal Transport, DHL Courier Services kanye ne-Aspen Pharmicare. Amakhasimende abalulekile kwisifunda esiseMpumalanga inkampani kawoyela i-BP, Mlazi Mega City kanye ne-Barlow Motor Investments.

Inxanxathela yezitolo i-Carlton Centre eGoli ngesinye sezakhiwo ezingaphansi kwe-TP. Sinamakhasimende ahlukeni afaka phakathi i-Pic'n Pay, Woolworths, Termberland, Truworths, Spits, Mr Price Kiddies, Nedbank, Standard Bank, Capitec Bank, Clicks, McDonald, Nandos kanye no-Steers. Nakuba okwamanje iCarlton Hotel ingasebenzi kodwa kunezihlelo ezikhona zayo ezihlelelwe isikhathi esizayo.

4.OKUNGAXHUNYWANA NABO, NEMININGWANE YABO

4.1 Ngaphansi komthetho i-PAIA, oyisikhulu esiphezulu enkampanini kaHulumeni okanye uhlobo lomphakathi (Public Body) uthathwa njengokunguyena okumele kuxhunywane naye ngemininingwane. Nansi iminingwane yokumele kuxhunywane naye;

The Group Chief Executive,
Transnet SOC Ltd, 138 Eloff St, Braamfontein, Johannesburg, 2000

Tel: 0660056277
Email: Paia2@transnet.net

4.2 Isikhulu esiphezulu enkampanini ngaphansi kuka-Section 17(3) womthetho i-PAIA, amandla akhe awanikezwa umthetho uwanikeza izikhulu eziphezulu zezinkampani ezingampani kuka-Transnet. Kusho ukuthi bangamaphini alowo ogunyazwe ukuthi anikezele ngemininingwane yenkampani. Nansi iminingwane yabo;

| | | | | | | |
|---------------------------------|---|--|--|--|--|--|
| Email Address for PAIA Requests | Paia2@transnet.net | Paia2@transnet.net | Paia2@transnet.net | Paia2@transnet.net | Paia2@transnet.net | Paia2@transnet.net |
| Physical Address | Transnet Freight Rail Girton Road Inyanda House 2 Parktown | Transnet Engineering Lynette Street Kilner Park Pretoria | National Ports Authority National Ports Authority 30 Wellington Road Parktown | Transnet Port Terminals 4 Floor, South Wing Kingsmead Office Park | Transnet Pipelines Room 807 202 Anton Lembede Street Durban | Transnet Property 150 Commissioner St, Marshalltown, |

| | | | | | | |
|--|--|--|--|--|--|-----------------------|
| | | | | Stalwart Simelane Street Durban | | Johannesburg, 2001 |
|--|--|--|--|--|--|-----------------------|

4.3 Oyisikhulu esiphezulue esibhekele ezomthetho i-Chief Legal Officer unamandla okwenza okwenziwa ngabangamaphini alowo ogunyazwe ukunikezela ngemininingwane okanye ama rekhodi uma kunesicelo esibhekiswe kwa-Transnet kanye ne-Transnet Corporate Centre. Leso sicelo kumele sibhekiswe kwiphini logunyazwe ukunikezela ngemininingwane ngalendlela;

Deputy Information Officer Email address

Postal Address

Street Address

The Chief Legal Officer Paia2@transnet.net PO Box 72501 Parkview

2122

2nd Floor

138 Eloff Street

Braamfontein Johannesburg, 2000 066 005 6277 Phone

4.4 I-Transnet inohlelo lwangaphakathi lokudlulisela phambili udaba ngokwezimiso zomthetho ongamele ukukhishwa kwemininingwane i-PAIA (Chapter 1 of Part 4 of PAIA).

4.5 Isikhulu esiphezulu senkampani yisona okudluliselwa kusona yonke into uma kukhona ukungagculiseki ngesinqumo eziphathelene nomthetho i-PAIA. Udaba kumele ludluliselwe kwimininingwane ekwisigatshana

4.5.1 Isikhalazo singafakwa nanganoma isiphi isinqumo esikhishwa ngogunyazwe ukukhipha imininingwane, kanti iminingwane yokwenza lokhu ibalulwa kuka ku-Chapter 1 of Part 4 of PAIA.

4.5.2 Kungafakwa isicelo enkantolo uma kukhona ukungagculiseki ngesinqumo sangaphakathi enkampanini.

4.5.3 Uma kufakwa isikhalazo ngesinqumo sogunyazwe ukunikezela ngemininingwane okanye kufakwa isicelo enkantolo ukunikezelwa kwemininingwane edingakalayo kungenziwa uma kugunyazwa isicelo.

4.5.4 Isikhalazo kogunyazwe ukunizela ngemininingwane kumele sithunyelwe lapha:

The Information Regulator (South Africa)

JD House, 27 Stiemens Street, Braamfontein Johannesburg, 2001

P.O. Box 31533, Braamfontein, Johannesburg, 2017

Complaint's e-mail:

helpdesk@inforegulator.org.za or PAIAcomplaints@inforegulator.org.za

5. OKUMELE KWENZIWE NGOGUNYAZWE UKUKHIPHA IMINININGWANE (INFORMATION REGULATOR)

5.1 Ngokwesigatshana 10(1) somthetho i-PAIA, nesichibiyelo sesigaba 110 somthetho i-POPIA, ogunyazwe ukunikezela ngemininingwane kumele abeke obala yonke imigomo eshicilelwe ikhomishana yamalungelo esintu ngendlela ezwakala kalula kumuntu ofuna ukusebenzisa ilungelo lakhe njengokwezimiso zomthetho i-PAIA ne-POPIA.

5.2 Ngokwesigatshana 10(2) somthetho i-PAIA imigomo kumele ifake imininingwane yalokhu.

- (a) Inhloso ye-PAIA ne-POPIA;
- (b) Isimo sefomu lesicelo-

(i) Ukuvunyelwa ukuthola imininingwane esezinhlakeni zikaHulumeni ezibalulwa kwisigaba 11.
(ii) Ukuvunyelwa ukuthola imininingwane esezinhlakeni zezinkampani ezimele ezibalulwa kwisigaba 50;

(c) Ongasizwa ngakho yilowo ongamele ukukhishwa kwemininingwane edingakalayo ezinhlakeni zikaHulumeni ngaphansi kwe-PAIA ne-POPIA;

(d) Usizo olutholakala kogunyazwe ukukhipha iminingwane edingakalayo noma amarekhodi ngaphansi kwe-PAIA ne-POPIA;

(e) Konke okubekwe ngumthetho okungasiza uma kunenkinga yokulandelwa kwemigudu efanele ebekwe i-PAIA ne-POPIA, kubalwa nalokhu-

(i) Ukudlulisela udaba phambili enkampanini;

(ii) Ukukhalaza kowengamele ukukhishwa kwemininingwane noma amarekhodi kanye

(iii) Nokufaka isicelo enkantolo sokulwisana nesinqumo sokumele akhiphe imininingwane edingakalayo ohlakaleni lukaHulumeni, isinqumo esikhishiwe sekudluliselwe udaba kwiziphathimandla zangaphakathi ohlakaleni lukaHulumeni, isinqumo sowengamele ukukhishwa kwemininingwane edingakalayo okanye isinqumo senkampani noma uhlaka olungekho ngaphansi kukaHulumeni.

(f) Okubalulwa isigaba 14 no-51 ngokumele kwenziwe uhlaka lukaHulumeni kanye noluzimele ukunikezela ngemininingwane edingakalayo noma amarekhodi nokuthi itholakala kanjani;

(g) Okubalulwa isigaba 15 kanye no 52 maqondana nokudalulwa kohlu lwemininingwane edingakalayo esezinhlakeni zomphakathi kanye nalezo ezizimele;

(h) Isaziso esikhishwe ngaphansi kwesigaba 22 kanye no 54 maqondana nemali okumele ikhokhwe ngesicelo esifakiwe sokuthola imininingwane edingakalayo kanye

(i) Okugunyazwe isigaba 92.

5.3 Ngaphansi kwesigatshana 10(3) somthetho PAIA, ogunyazwe ukunikezela imininingwane edingakalayo kumbe amarekhodi kumele ingapheli iminyaka emibili engayibukezile waphinde washicilela imigudu elandelwayo uma sikhona isidingo sokwenza lokho.

5.4 Isigatshane 10(4) sibalula ukuthi imininingwane yemigudu okumele ilandelwe kumele itholakale njengokusho komthetho.

Uma ngabe unemibuzo ngalokhu uyanxuswa ukuba uxhumane nongamele ukukhishwa kweminingwane kulelikheli:

The Information Regulator (South Africa), JD House, 27 Siemens Street, Braamfontein, Johannesburg, 2001.

Postal address: P.O. Box 31533, Braamfontein, Johannesburg, 2017; Telephone: +27 10 023 5207; E-mail: infoereg@justice.gov.za

6. UKUFAKA ISICELO SOKUTHOLA IMINININGWANE EKWA-TRANSNET

Nakhu okulandelayo okumele kwenziwe ngaphambi kokuthi kufakwe isicelo;

6.1 Step 1: Ingabe unalo igunya lokusebenzisa i-PAIA ukufaka isicelo sokuthola imininingwane ?

6.1.1 Bheka isigatshana 7(1) se-PAIA esibeka kanje:

"Lomthetho angeke usetshenziswe ukuthola imininingwane esezinhlakeni zikaHulumeni okanye ezinkampanini ezizimele uma –

(a) leyo mininingwane ifunelwa ukuthi isetshenziswe emacaleni;

(b) Uma leyo mininingwane ifunwa ngemua kokuqala kwecala.

(c) Ukunikezelwa kwemininingwane ngaphansi kwesitshana a kungenziwa ngaphansi komunye umthetho. "

6.1.2 Uma ngabe isigatshana 7(1) sisengasetshenziswa akumele ufake isicelo sokuthola imininingwane ngaphansi komthetho i-PAIA. Kumele usebenzise imithetho nemigudu yokuthola imininingwane yohlaka lomthetho olufaneleyo kanye nasenkundleni okuyona.

6.1.3 Kumele ulandele isigaba 45 se-PAIA esigunyaza i-Transnet ilungelo lokunqaba isicelo sokuthola imininingwane uma; isicelo kuhloswe ngaso ukuchitha isikhathi okanye ukususa uchuku noma uma ukufunwa kwemininingwane kuzophoqa i-Transnet isebenzise izinsizakusebenza zayo ngokungenasidingo.

6.2 Kungabe imininingwane edingakalayo ikhona yini kuma-rekhodi?

6.2.1 Qaphela ukuthi i-PAIA isebenza kuphela uma ngabe ekhona ama-rekhodi adingakalayo ngesikhahti kufakwa isicelo.

6.2.2 I-PAIA kayiphooqi muntu ukuthi enze ama-rekhodi okanye imininingwane uma ivele engekho ngesikhathi kufakwa isicelo . Isibone nje i-PAIA angeke isetshenziselwe ukuthola izizathu ngeinqumo eziththwe i-Transnet uma ngabe lezo zizathi zingazange ziqoshwe okanye zibhalwe phansi.

6.2.3 Uma ngabe ungenaso isiqiniso sokuthi imininingwane okanye ama-rekhodi owafunayo akhona kumele ukudalule lokho kwisicelo sakho kwi-fomu lesicelo.

6.3 Kungabe imininingwane okanye i-rekhodi lisezandleni ze-Transnet.

6.3.1 I-Transnet inkampani enkulu ngakho ukuthungathwa kwemininingwane efunywayo kungadinga isikhathi eside futhi kungaba izindleko. Kuyacelwa ukuthi uma ufaka isicelo ufake yonke imininingwane engasiza kuthi lokho okufunakalayo kutholakale, singabala nezinto ezifana nama-reference number uma ngabe kungudaba oluthinta amathenda.

6.3.2 Umthetho i-PAIA ubalula ukuthi ama-rekhodi okudingakalayo kumele abe sezandleni ze-Transnet. Kodwa ngaphansi kwalomthetho ama-rekhodi kumbe imininigwane esezandleni zomsebenzi wakwa-Transnet okanye kumuntu ozimele oqashwe u-Transnet lawo marekhodi athathwa njengokuthi awakwa-Transnet. Lowo ofaka isicelo uma engenaso isiqinisekiso ukuthi imininingwane ayifunayo isezandleni ze-Transnet kumele lokho akubalule kwifomu egcwaliswayo.

6.4 Kungabe kumele ufake isicelo ngaphansi kwesigaba 2 noma 3 se-PAIA?

6.4.1 I-Transnet iyinkampani kaHulumeni, njengokubalula kwesigatshana (b) (ii) se-PAIA. Uma kulandelwa i-PAIA i-Transnet kumele ithathwe njengohlaka lomphakathi (public body).

6.4.2 Okubalulwa i-PAIA maqondana nezinhloko zikaHulumeni kuyolandelwa khona nakwi-Transnet.

6.5 Step 5: Ifomu lokufaka isicelo

6.5.1 Njengoba kubekiwe phezulu, i-Transnet ithathwa njengohlaka lomphakathi uma kuziwa kwi-PAIA.

6.5.2 Isicelo sokuthola imininingwane ekwa-Transnet kumele sifakwe kwifomu elibalulwa umthetho kanti ikhophi yalelifomu ikhona kwisithasiselo (annexure) 1

6.5.3 Uma ngabe ufisa ukusebenzisa i-MS Word kwisicelo sefomu ungathumela imbalelwano okanye i-email kwiphini lobhekele ukukhishwa kwemininingwane ukuze lokho kuzokwenzeka.

7. IMINININGWANE YAKHO

Ukuqoqwa nokuhlelenjwa kwemininingwane yakho ngaba-Transnet

7.1 I-Transnet ithatha ukuvikelwe kwemininingwane yakho njengento ebaluleke kakhulu kanti iyaqinisekisa ukuthi uma iqoqa iphinde ihlelemba imininingwane yakho ilandela umthetho olawula ukuvikelwa kwemininingwane yakho. Ngakho ke imininingwane yakho iyoqoqwa ihlelenjwe kulandelwa izimiso zomthetho i-Protection of Personal Information Act, 2013 (Act No.4 of 2013) (POPIA). Ukuqoqwa kwemininingwane yakho nokuhlelenjwa kwayo ngu-Transnet kuyoqiniswa ukuthi -

7.1.1 Ukuhlelenjwa kumbe uku-phroseswa kwemininingwane yakho kwenziwa ngendlela ehambisana nomthetho;

7.1.2 Ukuhlelenjwa kumbe uku-phroseswa kwemininingwane yakho kwenziwa ngendlela esemthethweni evikela imininingwane ephakathi futhi kuphinde kuqinisekise ukuthi akuphazanyiswa amalungelo;

7.1.3 Imininingwane yakho okanye yangasese iyohlelenjwa ngokuvumelana nawe (okanye umuntu odingakalayo uma ngabe kunemininingwane yomuntu omncane.) Imvume yokusebenzisa imininingwane ingashintshwa noma nini. Uma ishintshwa i-Transnet iyobe seyihoxisa ukuyihlelemba okanye ukuyi-phrosesa, kulandelwe okushiwo umthetho i-POPIA

7.1.4 Ukuphroseswa okaye ukuhlelenjwa kweminingwane yakho yangasese kuyokwenziwa kulandela inhloso eyabekwa ngesikhathi iyoqwa, kuye ngokuthi hlobo luni lweminingwane, imiphumela yokuqhubeka nokuyihlelemba nendlela etholakale ngayo kubalwa nesivumelwano phakathi kwe-Transnet kanye nomnikazi weminingwane.

7.1.5 Kuyaye kube nemigudu elandelwayo ukuqinisekisa ukuthi iminingwane yangasese ethunyelwe iyiyona yona, iphelele futhi ayidukisi. Ngaleyondlela inhloso yokuqoqwa kweminingwane yangasese okanye ukuyiphrosesa noma ukuyihlelemba yikhona okuyocacisa ukuthi yikuphi okungenziwa, nokuthi

7.1.6 Abathintekayo kwiminingwane ethunyelwe bavumelekile ukusebenzisa amalungelo abo ngaphansi kwe-POPIA maqondana neminingwane yabo yangasese.

7.1.7 I-Transnet iqinisekisa ukuthi iminingwane yangasese esezandleni zayo iphathwa ngendlela efanele.

7.1.8 Noma ngabe ubani ophrosesa okanye ohlelemba iminingwane yangasese egameni le-Transnet kumele lokho kugunyazwe i-Transnet kanti iminingwane yangasese kumele iphathwe ngesinono ingadalulwa ngaphandle uma kusho umthetho noma kwenziwa ogunyaziwe ngumsebenzi.

7.1.9 Uma ngabe kuvela ukuthi iminingwane yangasese itholwe umuntu ongagunyaziwe, i-Transnet iyobe seyazisa ogunyazwe ukubheka iminingwane kanye nothintekayo uma ivela iminingwane yakhe. I-Transnet ingakumisa okwesikhashana ukwazisa abathintekayo kwiminingwane ethunyelwe uma ngabe uhlaka lukaHulumeni oluphenyayo okanye ogunyazwe ukuthola iminingwane ethola ukuthi lokho kungaphazamisa uphenyo lohlaka lukaHulumeni.

7.1.10 Lowo othintekayo kwiminingwane ethunyelwe uma esethumele iminingwane yakhe enjengomazisi unikwa ulungelo lokubuzwa ukuthi i-Transnet ingabe inayo yini neminingwane yakhe ngale kokuthi kube khona akukhokhayo. Kanti futhi angakwazi ukufaka isicelo seminingwane yakhe yangasese esezandleni ze-Transnet, lapha kubalwa neminingwane yabanye abathintekayo ababone iminingwane yakhe yangasese.

7.2 Inhloso kaTransnet yokuphrosesa okanye ukuhlelemba iminingwane yangasese

7.2 I-Transnet iyophrosesa kumbe ihlelemba iminingwane yangasese ukwenza izinto ezahlukene kubalwa nalokhu okulandelayo;

7.2.1 Ukugcina iminingwane yamakhasimende;

7.2.2 Ukuqasha;

7.2.3 Ukwenza izinto zomsebenzi;

7.2.4 Ukuqinisekisa ukuthi amakhasimende ayagculiseka ngomsebenzi awenza inkampani;

7.2.5 Ukwenza ngcono umsebenzi owenzelwa amakhasimende ;

7.2.6 Ukuletha usizo lwezempilo kanye nezeluleko zezempilo kubasebenzi;

7.2.7 Ukugcina ama-accounts kanye neminingwane yezimali yakwa-Transnet;

- 7.2.8 Ukweseka kanye nokuphatha abasebenzi bakwa-Transnet;
- 7.2.9 Ukusebenzisa ubuchwepheshe besimanje ukuvikela impahla yakwa-Transnet;
- 7.2.10 Ukubuyekeza kanye nokuphrosesa isinxephezelo;
- 7.2.11 Ukuvikela kanye nokuthola abenza inkohlakalo, ukukhwabanisa kanye nobunye ubugebengu;
- 7.2.12 Ukwenza ucwaningo ngezimakethe kanye nokuhlaziya izinombolo;
- 7.2.13 Ukuhambisana nezimiso zomthetho;
- 7.2.14 Ukuze kube lula ukuthola iminingwane eqoshiwe;
- 7.2.15 Ukuhlela iminingwane ephathelene nokuhamba (travel);
- 7.2.16 Ukwenza umsebenzi wenkampani ophathelene nokusebenza kwayo, ezezimali kanye nokuphathelene nokuqoqwa kwentela;
- 7.2.17 Ukulandela umthetho kanye nezivumelwano okuvunyelwane ngazo;
- 7.2.18 Ukuhlela kahle nokuqinisekisa ezokuphepha kwizikhungo zakwa-Transnet;
- 7.2.19 Ukwenzangcono umsebenzi owenziwa i-Transnet;
- 7.2.20 Ukuqoqa izikweletu kanye ;
- 7.2.21 Nokuhlaziya imininigwane yamakhasimende.

Iminingwane yalabo abathintikayo ephroseswaya kumbe ehlelenjwa abakwa-Transnet;

- 7.3 Naba imininingwane yabo ephroseswayo kumbe ehlelenjwayo;
- 7.3.1 Amalunga ebhodi
- 7.3.2 Iziphathimandla zenkampani (executive members)
- 7.3.3 Abasebenzi benkampani nabangase babe ngabasebenzi
- 7.3.4 Abasebenzi abazimele phecelezi, ama-Consultants
- 7.3.5 Abafake izikhalazo nababuza okuthile
- 7.3.6 Amalungu ebhodi ezimpesheni zakwa-Treansnet
- 7.3.7 Abaqondisi, izikhulu eziphezulu, nabasebenza ezinkampanini ezingaphansi kuka-Transnet
- 7.3.8 Izinkontilela zangaphandle

7.3.9 Abathengisela inkampani imikhiqizo nabenza eminye imisebenzi yayo

7.3.10 Amakhasimende kanye nabasebenzi bawo

7.3.11 Abantu abathweshulwa i-CCTV

7.3.12 Abantu abaphumele ababonisa intshisekelo kokwenziwa i-Transnet

7.3.13 Abahlomula kwezinhlelo ze-Transnet zokusiza umphakathi

7.3.14 Nalabo iminingwane yabo evele kuphenyo lwe-Transnet

Iminingwane yangasese ephroseswa kumbe ehlelenjwa i-Transnet

7.4 Leminingwane elandelayo iyona i-Transnet ayikhiphayo;

7.4.1 Imininingwane yomuntu;

7.4.2 Impilo nokuziphatha;

7.4.3 Eziphathelene namabhizinisi;

7.4.4 Imikhiqizo ekhishiwe kanye nomsebenzi owenziwe

7.4.5 Imibono yomuntu nokuthandwa nguyena

7.4.6 Imininingwane yomndeni nabangani

7.4.7 Imininingwane ngezemfundo nomsebenzi

7.4.8 Izithombe ezithwethulwe nge-CCTV

7.4.9 Imininingwane yezezimali; kanye

7.4.10 Neminingwane yokubhaliswa kwenkampani

Iminingwane eyisipesheli ephroseswe, kumbe ehlelenjwe abakwa-Transnet

7.5 Nansi iminingwane eyophroseswa kumbe eyohlelenjwa abakwa Transnet:

7.5.1 Iminingwane yobuhlanga

7.5.2 Ubulungu benyunyana bomsebenzi

7.5.3 Amacala kumbe izinsolo zamacala

7.5.4 Inkolo nanoma yikuphi okuyinkolelo yomuntu

7.5.5 Isimo somuntu okanye imininingwane yezempilo

7.5.6 Amacala kanye nemiphumela yawo kubalwa nezigwebo

Abantu abanikezwa lemininingwane:

7.6 Abakwa-Transnet bayonikeza laba abalandela imininingwane yangasese: Uma sikhona isidingo abakwa-Transnet bayobanikeza nalabo okufunakala imininingwane yabo. Uma ngabe kwenzeka lokhu abakwa-Transnet kuyomele bahambisane nezimiso zomthetho i-POPIA. Lapha ngezansi ilabo abakwa-Transnet abangabelana nabo imininingwane esazandleni zabo ngenxa yezizathi ezithile;

7.6.1 Umndeni, abasondelene kanye nabamele lowo okufunwa iminingwane ngaye

7.6.2 Izinkampani eziqasha abasebenzi

7.6.3 Izinkampani zezimali

7.6.4 Ababhekele ezibheka izikwelutu

7.6.5 Izinhlangothi zezempilo kanye nezenhlalakahle

7.6.6 Abasebenzi bezempilo

7.6.7 Uhulumeni kazwelonke

7.6.8 Abomthetho njengamaphoyisa

7.6.9 Izinkantolo, amakhomishana ophenye nezinye izithangami zophenyo

7.6.10 Ababambisene kwezamabhezini;

7.6.11 Abafuna okungokwabo kanye nokumele bahlomule kwizimali zikamufi

7.6.12 Umuntu ofaka isikhalazo okanye ofuna iminingwane

7.6.13 Abaphenyi abazimele;

7.6.14 Abafundisi kanye nezinhlaka zemfundo

7.6.15 Abaphenya izicelo zama-claims;

7.6.16 Abathengisa imikhiqizo (suppliers) kanye nabenza imisebenzi yenkampani (service providers)

7.6.17 Izinhlaka zezimboni

7.6.18 Ababhekelele abathengi nomphakathi (ombudsmen) kanye nabalawuli (regulatory authorities)

7.6.19 Izinkampani eziqoqa izikweletu

7.6.20 Ezinye izinkampani zakwa-Transnet

7.6.21 Umcwaningi mabhuku

7.6.22 Abengamele izimpesheni

7.6.23 Izinyunyana kanye

7.6.24 Nezinhlango ezibhekele ezokuphepha

Ukunikezelwa kweminingwane kwabasemazweni angaphandle kwelakuleli

7.7 Kungenzeka ukuthi kwesinye isikhathi abakwa-Transnet banikeze abakwamanye amazwe iminingwane esezandleni zabo. Uma lokhu kwenzeka abakwa-Transnet baphoqelekile ukuthi bahambisane nezimiso zomthetho i-POPIA. Lokhu kuyokwenziwa uma ngabe kuhlangatshewana nokunye kwalokhu okulandelayo;

7.7.1 Lowo muntu othunyelwa iminingwane kumele abe ngumuntu ofanele ngokusemthethweni ukwenza lokho aphinde ahambisane nezimiso zemithetho yezinkampani okanye isivumelwano esihambisana nalokhu okulandelayo

i) imigomo ephathelene nokuphroseswa kumbe ukuhlelenjwa kweminingwane efanayo naleyo ephathelene neminingwane yangasese yomuntu okanye yezinkampani njengokwezimiso zomthetho i-POPIA; okunye

ii) kumele kufakwe izinto ezibalulwa isigaba 72 somthetho i-POPIA esimayelana nokuthunyelwa kweminingwane yangasese kwabasemazweni angaphandle.

7.7.2 Kumele okudingakala iminingwane yakhe avume ikuthi ithunyelwe;

7.7.3 Ukuthunyelwa kweminingwane kumele kube ukuthi kunesidingo ngenxa yesivumelwano phakathi kweminingwane yalowo edingakalayo nenkampani ethintekayo noma kube ukuthi kwenziwe ngenxa yesicelo salowo okufunakala iminingwane yakhe ukuze kuzofezwa isivumelwano;

7.7.4 Ukuthunyelwa kweminingwane kuyadingeka ukuze kuzokwenziwa isivumelwano sokusebenza ukusiza lowo okufuneka iminingwane yakhe kanye nenkampani efuna iminingwane noma omunye kumbe abanye abadinga lokhu.

7.7.5 Kumele kube ukuthi ukukhishwa kweminingwane kuzosiza lowo okudingeka iminingwane yakhe, futhi

i) Kube lula ukuthola imvume yalwo okudingeka iminingwane yakhe, futhi

ii) Uma itholakala iminingwane kube lula ukuthola imvume kulowo okudingeka imininnigwane yakhe.

Okwenziwa abakwa-Transnet ukuvikela iminingwane esezandleni zabo

7.8 Abakwa-Transnet bayosebenzisa ubuchwepheshe obusezingeni eliphezulu ukugcina iminingwane ekubona iphephile. Abakwa-Transnet bahambisana nokwenziwa imboni yezobuchwepheshe bama-computer ukuvikela imininigwane okanye ulwazi lwenkampani

baphinde basebenzise ezokuphepha ezahlukene ukuvikela yonke imininingwane ekubona (kubalwa naleyo yangasese)

8. UKUBHEKELELWA KWESICELO

8.1 Ngokulandela umthetho i-PAIA ne-POPIA ukunikezelwa kolwazi oligcinwe kwa-Transnet kuyokwenziwa ngaphansi kwalemibandela elandelayo;

8.1.1 Uma kuhlangatshezwana nazo zonke izinto ezishiwo i-PAIA ne-POPIA maqondana nesicelo

8.1.2 Ukunikezelwa kwemininingwane akumele kuphikiswe ngaphansi kwezimiso ezibekwe i-PAIA

8.2 Imibandela yokuphikisana nesicelo sokuthola imininingwane ichazwa kabanzi kwisihluko 4 sengxenye 2, kufaka phakathi ukuvikelwa kwalokhu;

8.2.2 Imininingwane yezohwebo ethinta abaseceleni abangahlangene nesicelo.

8.2.3 Uma kunemininingwane eyimfihlo okumele ivikelwe

8.2.3 Ukuqinisekisa ukuphepha kwabathile kumbe impahla.

8.2.4 Uma imininingwane ivikelwe ngokusemthethweni ukuthi ingadalulwa
8.2.5 Uma ukugodlwa kwemininingwane kusho ukuvikelwe kwezomnotho wezwe kanye nohlaka lomphakathi okanye inkampani kaHulumeni

8.2.6 Imininingwane yezocwaningo yabangahlangene nesicelo sokuthi kutholakale imininingwane kanye nokuvikelwa kocwaningo kohlaka lomphakathi, kumbe inkampani kaHulumeni okanye

8.2.7 Kunemininingwane ethinta ukusebenza kwezinhlobo zomphakathi okanye inkampani kaHulumeni.

8.3 Abakwa-Transnet banelungelo lokunqaba isicelo uma siphambene nezimiso zomthetho njenge-POPIA.

9. IMALI EBEKELWE UKWENZA LOKHU

Umthetho i-PAIA ukhuluma ngezinhlobo ezimbili zemali ekhokhwayo, okuyimali yesicelo kanye nemali yokuthola imininingwane okumele ikhokhwe ngaphambi kokuthi abakwa-Transnet baqale balandelele okufunwa isicelo.

9.1 Ozifakela isicelo sakhe okungumuntu ofuna ukuthola imininingwane yakhe. Lowo muntu akudingeki ukuthi kube khona akukhokha. Abanye abayofaka izicelo kuyodingeka bakhokhe ngaphandle uma ngabe kunalezizimo ezibalulwe lapha ngezansi;

9.2 Imali ekhokhwayo ime kanjena:-

9.2.1 Imali yokukhokhela lelibhukwana nama-rekhodi adingekayo ibekwe kwisithasiselo(**Annexure**)

9.2.2 Imali okumele ikhokhwe ngofake isicelo ngaphandle kwalowo ozicelela imininingwane yakhe ibekwe kwesithasiselo (Annexure) 2.

9.2.3 Imali yokuthola imininingwane ekhokhwa ngofake isicelo ngaphansi kwesigatshana 22(7), ngaphandle uma egunyazwa isigatshana 22(8) somthetho i-PAIA, ibekwe kwisithasiselo (Annexure).

9.3 Laba abalandelayo bavumelekile ukuthi bangakhokhimali uma befaka izicelo zokuthola imininingwane abayidingayo.

9.3.1 Umuntu ozihlalela ngayedwa oholala imali engekho ngaphezulu kuka R14 712.00 ngonyaka,

9.3.2 Abantu abashadile okanye omuntu ohlala nophathina wakhe wakhe abahola imali engekho ngaphezulu kuka R27 192.00 per annum.

9.4 Ayikho imali eyokhokhwa ngaphansi kwalezi zimo:

9.4.1 Uma izindleko zokuthatha imali yokubheka imininingwane nokuhlela imininingwane edingakalayo kudlula imali ekhokhwayo.

9.4.2 Imali ebizwa nge-access fee emayelana nokuthungathwa nokulungiselelwa kokukhishwa kwemininingwane okanye ama-recokhodi kayikhokhwa uma kuziwa kwimininingwane yangasese yofake isicelo.

9.4.3 Imali yesicelo kanye naleyo okuthiwa i-access fees kayikhokhwa uma imininingwane efunwayo, ifunwa ngenhloso yokuthi kukhokhwe isondlo, ngaphansi komthetho wesondlo i-Maintenance Act, 1998 (Act No. 99 of 1998) okanye imigomo ebekwe ngaphansi kwesigaba 44 salowomthetho.

10. IMININGWANE ETHOLAKALA KALULA

Lapha sinethulela uhlu lwemininingwane etholakala kulabo abayidingayo ngaleli kokuthi baze bafake izicelo ngaphansi komthetho i-PAIA njengokusho kwesigaba 15.

A: UHLU LWEMININGWANE OKANYE AMAREKHODI ATHOLAKALA KALULA

Umbiko odidiyelwe wakwa-Transnet phecelezi i-Integrated Report of Transnet SOC Ltd; Iziphatimende zezimali zaminyaka yinke zakwa-Transnet.

Umbiko mayelana nokusebenza ngokungaphazamiseki kwe-Transnet, phecelezi i-Sustainability Report of Transnet SOC Ltd.

Imininingwane ethinta abakwa-Transnet esezandleni ze-**Registrar of Companies** RSR Contravention notices.

Uhlu lwezinto i-Transnet enelungelo lobunikazi kuzona, phecelezi i-Transnet Patent list

Izaziso ezaziwa ngama-Class Notices

Imininingwane ngemufundazwe nemisebenzi ekhona kwa-Transnet.

Imininingwane ngokuntshontshwa kwamakhebuli

Imininingwane yokusebenza kwe-Transnet ngesikhathi se-lockdown, phecelezi i-Lockdown operation measures-27 March 2020.pdf

I-TNPA Notice 4 on Health Risk Alert - Covid -19- 20 March 2020.pdf

Imininingwane ngentela ekhokhwa emachwebeni ngo 2020

Ibhuku elinemininingwane yentela, phecelezi i-Tariff Book April 2020 to 31 March 2021.pdf

I-Berth Deepening Landside

Select or deselect this item

I-Bosmanskop Substation

Select or deselect this item

I-Gauteng

Select or deselect item

I-Leeufontein

Select or deselect this item

I-Port Nolloth Lighthouse Project

Select or deselect this item

Ichweba laseKapa

Select or deselect this item

ichweba laseThekwini

Select or deselect this item

Ichweba iNgqura

Select or deselect this item

Ichweba i-Saldanha

Select or deselect this item

I-Sishen - iSaldanha Rail Line

Select or deselect this item

Umzla kaloliwe i-Swazi Rail Link

Inqubomgomo yokulwisana nenkohlakalo nokukhwabanisa ka-2021 (1).pdf

I-Audit Committee Mandate charter

Uhlu lwamadokhethi e-New Shipper Applications.pdf

Yonke imininingwane yalokhu okubalwe ngenhlaa itholakala mahhala, kuye ngokuthi ikhona yini ngesikhathi efunakala nagso. Imininingwane yalokhu iyonikezwa oyicelile ngaphansi kwezimiso zomthetho i-Promotion of Access to Information Act, 2000.

B: IMININGWANE THOLAKALA KALULA EKHOKHELWAYO

- 1 Yonke imininingwane emaqondana ne-Transnet SOC Ltd egcinwe i-Transnet Corporate centre.
- 2 Imininingwane yabacwaningi mabhuku be-Transnet SOC Ltd
- 3 Imininingwane yabacwaningi bezimali zezimpesheni nama-medical aid asetshenziswa i-Transnet SOC Ltd.
- 4 Imithetho yemihlomulo yezindlu nama-medical schemes, nezimali.
- 5 Amaphephabhuku, phecelezi ama-Newsletters

Abafake izicelo zokuthola imininingwane abayidingayo bayokwaziswa ngemali okumele bayikhokhe uma sezitholakele izicelo zabo. Izicloe zeminingwane ziyogunyazwa ngokulandela umthetho i-Promotion of Access to Information Act, 2000.

11. NAKHU OKUVULELEKE EMPHAKATHINI

11.1 I-Transnet National Ports Authority:

11.1.1 Izinhlelo zokunakekelwa nokwenzangcono ingqalasisinda yamachweba.

11.1.2 Ukunikezela ngemininingwane ngezinhlelo zokuthuthukiswa kwamachweba, okumele zibonise inqubomgomo ye-Transnet National Ports Authority yokuthuthukiswa kwamachweba nokusetshenziswa komhlaba wamachweba.

11.1.3 Ukunikezela, okanye ukuhlela imizila yezimoto nekaloliwe yokungena emachwebeni.

11.1.4 11.1.4 Ukunakekelwa kwamachweba nezindawo eziseduze nawo.

11.1.5 Ukulawula ukuthuthukiswa kwamachweba.

11.1.6 Ukulawulwa kokusetshenziswa komhlaba wamachweba, inamandla futhi ukusebenzisa lowomhlaba ngendlela efuna ngayo.

11.1.7 Ukuhlela izinto ezifana namanzi, ugesi, ama-lights, izitamkoko kanye nezokuxhumana ngaphakathi emachwebeni.

11.1.8 Ukunakekelwa kwamachweba nokwakhelene nawo.

11.1.9 Ukulawula ukufakwa nokuthululwa kwempahla kanye nokwehla nokungena kwabagibeli emikhunjini.

11.1.10 Ukulawula imishini yokuthwala impahla.

11.1.11 Ukulawula ukuvikelwa kwemvelo nokungcola emachwebeni

11.1.12 Ukulawula, nokuthuthukisa ezokuphepha emachwebeni

11.1.13 Ukulawula ukukhishwa kwezinto emanzini

11.1.14 Ukuqinisekisa ukuthi zonke izinto okumele zenzeke emachwebeni zenzeka ngendlela efanele nengambi eqolo.

11.1.15 Ukuqinisekisa ukukhishwa kwezimvume nokulawula ukusebenza kwamachweba, nakho konke okukuwona.

11.1.16 Ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu okumele asebenziecechwebeni uyakwazi ukwenza lokho futhi ukwenza ngendlela efanelekile.

11.1.17 Ukugqugquzela ukusebenza kahle nangendlela esezingeni lomhlaba kulabo abanezimvume zokusebenza.

11.1.18 Ukugqugquzela ukuthi kube nokulingana ngokuthuthukisa labo ababencishwe amathuba ngaphambilini kuzo zonke izinto ezisemachwebeni.

11.1.19 Ukugqugquzela ukusetshenziswa kanye nokuthuthukiswa kwamachweba.

11.1.20 Ukunika izeluleko kuzona zonke izinto eziphathelele nokusebenza kwamachweba.

11.1.21 Ukugqugquzela ukumeleleka kwalabo ababencishwe amathuba ngaphambilini kwimisebenzi yasemachwebeni.

- 11.1.22 Ukunikezela ngezimvume zemishini yokusingatha impahla olwandle.
- 11.1.23 Ukwenza konke okulindelekile emachwepheni.
- 11.1.24 Ukulawula ukusebenza kwazo zonke izinhlaka zikaHulumeni emachwebeni.
- 11.1.25 Ukugqugquzela ucwaningo kanye nokuthuthukiswa kwamachweba.
- 11.1.26 Ukulawula ukuhamba kwemikhumbi emachwebeni.
- 11.1.27 Ukulawula ukungena kwemikhumbi, ukuhlala kwayo kanye nokuphuma kwayo.
- 11.1.28 Ukuhlela izikebhe nokunye okusiza imikhumbi uma iphuma noma ingena emachwebeni.
- 11.1.29 Ukulawula inani lemikhumbi engenayo nephumayo.

(Ukuze uthole iminingwane ethe xaxa ukuthi lokhu okubalwe ungakuthola kanjani vakashela iwebsite yakwa-Transnet ku-www.transnet.net).

11.2 I-Transnet Pipelines:

11.2.1 i-Transnet Pipelines inamapayipi ayo ephinde iwanakelke yona ngokwayo ewasebenzisela ukusabalalisa igesi nowoyela kanye nokugcina lokhu okubaliwe.

(Ukuze uthole iminingwane ethe xaxa ukuthi lokhu okubalwe ungakuthola kanjani vakashela iwebsite yakwa-Transnet ku-www.transnet.net).

11.3 I-Transnet Port Terminals:

11.3.1 Ilawula ukusebenza kwamachweba amakhulu ayisithupha kuleli.

11.3.2 Ibhekelela udaba lokufakwa nokukhishwa kwempahla emkhunjini.

11.3.3 Ifaka impahla ezikhwameni ezifanele iphinde iyikhiphe iyifake ezindaweni lapho igcinwa khona ukuze izohlala iphephile.

11.3.4 Inhloso yayo ukuthi ibalwe nezinkampani ezihamba phambili kulomkhakha ekuwona.

(Ukuze uthole iminingwane ethe xaxa ukuthi lokhu okubalwe ungakuthola kanjani vakashela iwebsite yakwa-Transnet ku-www.transnet.net).

11.4 I-Transnet Freight Rail:

I-Transnet Freight Rail igxile odabeni oluthinta ukuthwalwa kwempahla yamakhasimende ayo, okuyimpahla yezokumbiwa phansi, impahla eyenziwa ngemishini emikhulu, enkuli nencane. I-TFR iphinde inakekele imizila yayo kaloliwe eyihlanganisa namazwe angomakhelwane kuleli lase-Africa. Inggqalasizinda ye-FTR ingu-80% wayo yonke ingqalasizinda kaloliwe etholakala ezwenikazi lase Africa.

(Ukuze uthole iminingwane ethe xaxa ukuthi lokhu okubalwe ungakuthola kanjani vakashela iwebsite yakwa-Transnet ku-www.transnet.net).

11.5 I-Transnet Engineering:

11.5.1 Igxile kwezobunjiniyela.

11.5.2 Ihamba phambili kuleli ukulungiseni kanye nasekuththukiseni yonke into ethinta uloliwe.

11.5.3 Ilungisa iphinde ithuthikise imizila kaloliwe, kubalwa nezinqola zezitimela kanye

11.5.4 Nokuthengisa izinto eziphathelele nezitimela ezithwala impahla, iphinde yakhe izinqola zezitimela ezithwala impahla. (Ukuze uthole imininingwane ethe xaxa ukuthi lokhu okubalwe ungakuthola kanjani vakashela iwebsite yakwa-Transnet ku-www.transnet.net).

11.6 I-Transnet Property:

11.6.1 I-Transnet Property umsebenzi wayo ufaka phakathi ukuqashisa ngezakhiwo, ukunakekelwa kwazo kanye nokukhokhelwa kwazo.

11.6.2 I-Transnet Property iphinde yenze lokhu okungenhla kwezinye izinkampani ezingaphansi kuka-Transnet, nakwi-Transnet Corporate Centre.

11.6.3 Okuyikhona okubalulekile ekwenzayo kubalwa ukuhlola izakhiwo bese ikhipha inani lazo ukugcina imininingwane yazo, imininingwane ngezindawo kanye nemininingwane yokuphathwa kwezakhiwo.

12. OKUMELE UKWENZE

12.1 Yonke imininingwane yezomthetho kumele inikezwe iphini longamele ukunikezelwa kwemininingwane esuke idingakala okungeyena olandela udaba lwesicelo.

13. IMINININGWANE ESEZANDLENI ZABAKWA-TRANSNET

I-Transnet SOC Ltd igcina imininingwane okanye amarekhodi alokhu okulandelayo. Kodwa ukubakhona kwemininingwane okanye ama-rekhodi kakusho ukuthi usicelo sokuwathola siyophumelela. Zonke iziceo ziyobhekiswa kulandela izimiso zomthetho i-PAIA.

12.1 Ofaka isicelo (nabathintekayo abangahlangene nokufaka isicelo) angathatha udaba lwakhe alufake enkantolo uma ongamele ukukhishwa kwemininingwane ekhipha esinye salezinqumo ezibalulwa ngezansi;

12.1.1 Uma isicelo sokuthola imininingwane senqatshwa noma kubekwa imibandela ethinta,

12.1.2 udaba lwemali okumele ikhokhwe.

12.1.3 ukuhlehliswe kwesikhathi okumele kwenziwe okufiswa ngofake isicelo sokuthola imininingwane okanye amarekhodi.

12.1.4 udaba lokutholakala kwefomu lokufaka imininingwane yesicelo.

13.1 Amarekhodi angaphakathi

Lawa alandela amarekhodi aphaathelene nezindaba zika-Transnet, Amarekhodi ezezimali, awokusebenza kwenkampani, awempahla yakwa-Transnet, awezentengiso, ukuxhumana kwangaphakathi, awemithetho, izinqubomgomo zangaphakathi kanye nalowo asezandleni zeziphathimandla zakwa-Transnet.

13.2 Amarekhodi abasebenzi

"Umsebenzi" lapha kushiwo osebenza kwa-Transnet nowenza imisebenzi egameni le-Transnet bese eholelwa, nanoma imuphi owenza imisebenzi yakwa-Transnet. Lapha sibala phakathi kwabanye izinhloko zeminyango, izimenenja, abasebenzi abasebenza ngokugcwele nabayitoho. Amarekhodi eminingwane yangasese afaka lokhu okulandelayo;

13.2.1 Wonke amarekhodi anikezwe abakwa-Transnet ngabasebenzi bawo.

13.2.2 Amarekhodi anikezwe abakwa-Transnet ngabasebenzi bawo akhishwe ngabantu abangahlanganise lutho nenkampani.

13.2.3 Amarekhodi aphaathelene nemibandela yezinkontileka zokusebenza kanye nokuthinta ezomthetho.

13.2.4 Amarekhodi okubuyezwa kokusebenza kwangaphakathi.

13.3 Amanye amarekhodi angaphakathi aphaathelene nokuxhumana ngokomsebenzi.

Imininingwane ephaathelene nomsebenzi ifaka phakathi lokhu okulandelayo;

13.3.1 Noma imaphi amarekhodi athunyelwe ngumuntu ongahlanganise lutho nenkampani

13.3.2 Amarekhodi akwa-Transnet aphaathelene nomsebenzi, kubalwa nalawo aphaathelene nokusebenza nokuxhumana kwabasebenzi.

13.4 Abanye abathintekayo

Amarekhodi abanye abathintekayo nawo ayagcinwa. Lapha singabala awezinkampani eziyizinkontileka eziqashwe i-Transnet, ezithengisela i-Transnet impahla, iminyango kaHulumeni. Abanye balabo abathintekayo banamarekhodi angathathwa ngokuthi awakwa-Transnet. Lamarekhodi alandelayo angena ngaphansi kwaloluhlu;

13.4.1 Amarekhodi anemininingwane yabantu, awemisebenzi asezandleni zabanye angekho ezandleni ze-Transnet

13.4.2 Amarekhodi asezandleni zika-Transnet aphaathelene nabanye abengekho ngaphansi kwenkampani, lapha kubalwa imininingwane yamarekhodi ezimali, izingxoxo zokubhalwe phansi, amarekhodi ezinkontileka amarekhodi athunyelwe ngabanye kanye nalawo athunyelwe ngabanye abangahlangene nenkampani athinta osonkontileka abaqashwe inkampani.

ISITHASISELO 1: IFOMU LESICELO – LEZINHLANGANO ZOMPHAKATHI

ISITHASISELO 2: IMALI OKUMELE IKHOKHWE IZINHLANGANO
ZOMPHAKATHI

